

ABABENGABACWANINGI-MABHUKU OMNYANGO WOKUTHELISA BABOSHELWE INKOHHLAKALO

Pretoria, ngoLwesibili, 14 kuNhlaba 2019 – Bagwetshwe iminyaka emithathu bebhadle ejele abacwaningi-mabhuku ababili abebesebenzela uMnyango wokuThelisa kwa-SARS ngamacala enkohlakalo eThekwini ngesonto eledlule, mhla zi-9 kuNhlaba 2019.

UPranesh Maharaj wase-La Mercy noReuben Moodley wase-Newlands West babanjwe oqotsheni nemali kamehlokaboni engu-R100 000 ebisemvilophini ensundu emaphaketheni abo ngenkathi amaphoyisa ephenya enyangeni uNdasa 2018.

Bobabili abacwaningi-mabhuku bavuma ukuthi bakhapha isaziso saya kusomabhizinisi owaziwayo KwaZulu Natali ngenyanga uNhlolanja wezi-2018, bemtshela ngokucwaningwa kwamabhuku ezinkampani ayengumqondisi kuzo. Kuthe ngomhlangano wokulandelela bacela umehlokaboni ongu-R200 000 kuye ukuze “bezokwenza izinkinga zakhe zentela zinyamalale”.

Ekuhambeni kwesikhathi ngalo lolo suku, uMaharaj waxhumana nosomabhizinisi lowo ecela ukuthi akhokhe imali engu-R10 000 kuqala, neyabe seyikhokhwa. UMaharaj akamazisanga uMoodley ngalesi sivumelwano, futhi azange ayabelane naye leyo mali.

Kodwa-ke, usomabhizinisi walubika kwabomthetho udaba lolo. Kwabe sekuthathwa isinqumo sokubabophela uzungu nabakwasidlodlo ngokwesigaba 252A soMthetho weziNqubo zoBugebengu i-Criminal Procedures Act. Usomabhizinisi wabanika imali eyayihlukaniswe ingezimvilophu ezimbili, ngayinye iqukethe imali engu-R100 000.

Abakwasidlodlo babe sebebabadama ngesikhathi sebethi bayahamba, emva kokuba usomabhizinisi esebanikile izimvilophu lezo endaweni yokumisa izimoto yase-Standard Bank, egatsheni lase-Kingsmead mhla zi-2 kuNdasa 2018, njengoba babenze lezo zinhlelo.

Inkantolo yesiFunda saseThekwini yabagweba laba bacwaningi-mabhuku ababili eminye iminyaka emibili besejele, okuyisigwebo esinombandela wokulengiswa iminyaka emihlanu. UMaharaj uthe uzowukhokha u-R10 000 awukhokhelwa umkhokhintela.

Zombili izisebenzi zesula ngesikhathi kuqhubeka izinqubo zokuqondiswa kwezigwegwe kwa-SARS ngenyanga uNcwaba kowezi-2018.

UKhomishana wakwa-SARS Commissioner u-Edward Kieswetter usemukele lesi sigwebo, wengeza ngokuthi ayikho indawo yezisebenzi ezingathembekile kwa-SARS.

Uthe, "Alufakwa lubuya nodaka uma kuza ezindabeni zokungethembeki nokungathobeli umthetho. Njengoba siqhubeka nokuzama ukubuyisa isithunzi nokusebenza ngokuzikhandla esikhungweni sethu, sithanda ukuqinisekisa izakhamizi ukuthi abakwa-SARS bazothatha izinyathelo ezingqala kuzisebenzi ezenza ukungethembeki emphakathini".